**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P499 KWAMBONAMBI NGOLWESINE MHLAKA 31 MARCH 2011**

Mphathi wohlelo;
Usihlalo wekomiti lezokuthutha;
Amalungu eSishayamthetho akhona;
Inkosi yaKwaMthethwa;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yoMnyango;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo emnyangweni;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Usuku lwanamhlanje silubona luyingqophamlando kule ndawo. Kodwa ngaphambi kokuba nginabe kakhulu kulokho, ngithanda ukuqala ngokubongela umphakathi walapha ngokuthi ekugcineni ukukhala kwawo kuzwakele ezindlebeni zikaHulumeni wabo.

Yingakho sithanda ukusho kanye nani mphakathi walapha namhlanje sithi, 'Mbonambi Halala halala! Halala Dondotha halala! Phambili ngokubambisana komphakathi noHulumeni phambili.

Umcimbi wanamhlanje sithi uyingqophamlando ngoba ngaphandle kokuthi uzovula ikhasi elisha ezimpilweni zabantu balapha, uphinda futhi ube ngumcimbi wokuqala esiwenza njengoMnyango wezokuThutha ngemuva kokuba sethule isabelo-mali esiShayamthetho sesifundazwe eMgungundlovu ngoLwesibili kuthangi. Ngakho-ke ningabokuqala ukuba sikhulume emphakathini.

Ngibona kufanele ukuthi ngiyibalule indaba yesabelo-mali lapha ngoba vele phela kuyinqubo-mgomo nje ukuthi sethulwe ephalamende isabelo-mali, kodwa ukube izinto zenzeka kalula ngabe siza kuyona imiphakathi sizosethula kubanikazi baso bazizwele ukuthi yini ezokwenziwa ngezimali zabo bengabakhokhi bentela.

Noma ngingeke ngibale konke esikushilo, kodwa ngingakha nje phezulu ngisho ukuthi nakuba ingakeneli imali esabelwa yona njengoMnyango, kodwa sikwazile ukuzibophezela ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yomgwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni.

Besizibophezela ekutheni uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu balesi sifundazwe.

Phela njengoHulumeni wabantu siyazi ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Namhlanje-ke yinina lapha eseningofakazi bokuthi ngempela umgwaqo uyayishintsha impilo.

Yingakho futhi enkulumweni yethu yebhajethi besikugcizelela ukuthi siyamesekela uMongameli wezwe uMsholozi ngekhwela alihlabile ngenkathi ekhuluma nesizwe ngoFebruary, ethi akumele umuntu wasemakhaya akuthole kunzima ukuya emtholampilo nasesikoleni kodwa owaselokishini nasedolobheni kube yinto elula nje bebe bobabili benevoti elifanayo.

Esihlale sikucela nje emiphakathini yakithi ngukuthi isibekezelele. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Ngakho-ke uma singakafiki kuwena kumele wazi ukuthi yingoba sisabambeke kwenye indawo nayo efana neyakho.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana kohulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela awafuni ukuxhumana nesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Kodwa-ke lapha KwaMbonambi nasoThungulu besingakaze siyithole imibiko esiphoxayo ekhomba ukungabambisani. Angithi abekho abaholi ababambezela intuthuko ngokungabambisani noHulumeni wesifundazwe kule ndawo? Hhayi phela uma ekhona bengizokuthi ngikhalisana kakhulu nabamkhethela kuleso sikhundla.

Thina nje lapho siphuma khona asimukhethi umuntu ozosibambezela singayitholi intuthuko esayilwela iminyaka eminingi kangaka.

Eminyakeni embalwa edlule kwakuhleli isiShayamthetho lapha eDondotha lapho uMnyango wazibophezela ngokufaka itiyela emgwaqeni uP499 ongu-14,27 ubude. Namhlanje-ke egameni likaHulumeni wesifundazwe sesithe masizokwazisa umphakathi walapha ukuthi umgwaqo sesikwazile

ukufaka itiyela amakhilomitha amahlanu ngesamba sika-R91 million. Kulo nyaka wezimali esiwuqalile ka-2011/2012 sizoqhubeka nesigaba sesibili esingu-4.5 km esizokudla u-R25.9 million.

Esigabeni sokuqala abalelwa ku-340 amathuba emisebenzi adalekile kubantu bendawo kanti kwesesibili sibheke ukuba kwakheke amathuba abalelwa ku-240. Sihlale sinxusa-ke kwabaphethe uma siletha le misebenzi ukuba bangalinge basebenzise ipolitiki yamaqembu uma kuqashwa abantu. NjengoHulumeni wentando yeningi, intuthuko nemisebenzi ehambisana nayo sisuke siyilethela abantu ngaphandle kokukhetha iphela emasini.

Sithanda ukubongela kakhulu umphakathi waKwaMthethwa ozosizakala lapha ngokufinyelela kalula eDondotha Clinic, KwaMbonambi Police Station nasezikhungweni zokuholela impesheni kanye nasezindaweni zokulima. Kukhona futhi nezikole esezizosizakala okuhlanganisa iDondotha High, iMfaniswa High, iQedumona High, iMbowabathethwa High, iSgageni Primary, iMbude Primary neBhubhubhu Primary.

Lo msebenzi uyingxenye yama-project esilokhu siwaletha ngaphansi koThungulu (DC 28) okuthe ngonyaka wezimali ka-2010/11 safaka u-R570,28 million kuwona kanti ngo-2011/12 sifake u-R585 million.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba, njengoNgqongqoshe obhekele nezokuPhepha kulesi sifundazwe, ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko. Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi.

Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko. Masihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nabo bonke obunye ubugebengu.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**